



Akusheshile kakhulu, akwephuzile kakhulu!

Ukwenza isikhathi sokufundela izingane ophila nazo kuwukuzibekela ikusasa, kungakhathaliseki ukuthi zindala kangakanani. Lesi sikhathi sokuba nibumbane sibonisa izingane ukuthi uyakujabulela ukuba nazo futhi uyazikhathalela kuyilapho wakha izinkumbulo ezinhle zokuphila konke zezindaba, izincwadi nokufunda!



Never too early, never too late!

Making time to read to the children in your life is an investment in their future, no matter how old they are. This time to bond shows children that you enjoy their company and care about them while building lifelong good memories of stories, books and reading!

Akusheshile kakhulu!

- Ubungalinga yini ukuba umntwana aze akuqonde ukuthi uthini ngaphambi kokuba ukhulume naye? Ubungeke futhi ulinde ukuba izingane zikwazi ukuzifundela ngokwazo ngaphambi kokuba uzifundele njalo. Abantwana nezithohlongwana baduduzwa ukuzwa umsindo wamazwi abanakekeli babo.
- Ukwabelana ngezincwadi ezinezithombe, imilolozelo nezindaba nabantwana kubafundisa amagama nolimi. Kubuye kube yindlela ekahle kakhulu yokuba nibumbane nomntwana, futhi ngokushesha la magama aqala ukwenza ingqondo.
- Lapho ufunda ngokuzwakalayo ngokwengeziwe futhi ukhuluma nabantwana, kuba yilapho bezwa amagama engeziwe. Ngokushesha, uzobezwa nabo sebesebenzisa la magama ngokwabo! Lokhu kubizwa ngokuthi ukwakha iqoqo lamagama.
- Ukufundela abantwana kubasiza ukuba baqonde ukuthi umbhalo unencazelo futhi kubafundisa indlela esixoxa ngayo izindaba.
- Okubaluleke nakakhulu, ukuthi lapho abantu abadala bebefundela njalo abantwana nezingane ezisezincane, bakhula bebhaka ukufunda njengento ejabulisayo nebalulekile. Ngakho, cishe bayokhetha ukufunda njengokungumdlalo uma bethola ithuba lapho sebedadlana.

It's never too early!

- Would you wait until a baby understands what you are saying before you talk to him or her? You also needn't wait for children to be able to read by themselves before you regularly read to them. Babies and toddlers are comforted by the sound of their caregivers' voices.
- Sharing books with pictures, rhymes and stories with babies teaches them words and language. It's also a wonderful way to bond with a baby, and pretty soon these words start to make sense.
- The more you read aloud and talk to babies, the more words they hear. Very soon, you'll hear them using these words themselves! This is called building a vocabulary.
- Reading to babies helps them understand that print has meaning and teaches them how we tell stories.
- Most importantly, when adults regularly read to babies and young children, they grow up seeing reading as fun and worthwhile. So, they are more likely to choose reading as an activity in their free time when they are older.

Akwephuzile kakhulu!

- Njengoba nje kungasheshile kakhulu ukuba uqale, ngokufanayo akwephuzile kakhulu ukuba uqale! Izingane zayo yonke iminyaka yobudala ziyazuza ngokuba nomuntu ozifundelayo njalo. Ukukwazi ukuhlala uthule ufunde, noma kube nothile okufundelayo, kuyikhono elibalulekile ingane yakho ezolidinga ukuze iphumelele esikoleni kanye nakukho konke ukuphila.
- Ngisho noma izingane sezikwazi ukuzifundela, ningafunda izincwadi ndawonye ezinzima kuzo ukuba zizifundele zodwa. Ukufunda ndawonye njengomndeni kungenza ukuba izingane zizizwe ziphephile futhi zithandwa.

It's never too late!

- Just like it is never too early to start, it is also never too late to start! Children of all ages benefit from having someone read to them regularly. Being able to sit still and read, or be read to, is an essential skill your child will need to succeed at school and throughout his or her life.
- Even once children have learnt to read, you can read books together that are too complicated for them to read on their own. Reading together as a family can make children feel safe and loved.

NGABE BEWAZI?

- Uma izingane zifunda njalo
- ziyathuthuka bese zifunda nakangcono kakhulu,
- zithola injabulo eyengeziwe ekufundeni, futhi
- cishe ziyothambekela nakakhulu ekukhetheni ukufunda.

Ungathola imiqondo eminingi neziqondiso kwesithi "Guides and Tips" engxenyeni ethi "Training" - kwiwebhusayithi ethi www.nalibali.org.

DID YOU KNOW?

- The more children read
- the better they become at reading,
- the more pleasure they get from it, and
- the more likely they are to choose to read.

You can find many ideas and guidance in "Guides and Tips" in the "Training" section of our website, www.nalibali.org.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.



Izimbewu Zokufunda Nokubhala!



Izinto ezenza ingqondo icabange

Literacy Seeds!

Activities that spark imagination



Bazali abathandekayo nabanakekeli bezingane ezisezincane, oShicilelweni 197, sasifake nolwazi namacebiso amayelana nokwabelana ngemilolozelo, izindaba nemidlalo nabantwana bakho nezingane ezisezincane. Kulolu shicilelo, sizobheka ukubaluleka kokuzixoxela nokuzifundela izindaba kanye nokuzikhuthaza ukuba zifunde futhi zibhale, ngisho noma zilingisa nje!

Dear parents and caregivers of young children, in Edition 197, we included some information and tips about sharing rhymes, stories and games with your babies and young children. In this edition, we will look at the importance of telling and reading them stories and encouraging them to read and write, even if they only pretend!



Izindaba nemidlalo kuyahambisana

Izingane ziyathanda ukunyakazisa imizimba yazo, ukuhlola izinto ezizungezile, ukucula izingoma, ukudlala imidlalo, ukusho imilolozelo, ukulalela nokuxoxa izindaba, ukudweba nokwenza ngathi ziyafunda futhi ziyabhala. Chiitha isikhathi esiningi kangangokunokwenzeka udlala nezingane zakho, futhi uzinike isikhathi nendawo yokuba zidlale zizodwa kanye/noma nezinye izingane. Lokhu kuzozijabulisa futhi kuzisize zibe nokuzethemba. Nazi ezinye zezinto ongazenza ukusiza izingane zakho:

- ♥ Yenza isikhathi esiningi kangangokunokwenzeka sokuba nazo nsuku zonke ngisho noma isikhathi okhululeke ngaso sisincane.
- ♥ Dlala nazo imidlalo eziyithanda kakhulu.
- ♥ Zibuze imibuzo ngokuthi belunjani usuku lwazo nokuthi kukhona yini okuzikhathazayo.
- ♥ Izingane ngokuvamile azikwazi ukuveza imizwa yazo ngokugcwele ngamazwi, ngakho kubalulekile ukuzilalelisa.
- ♥ Zitshela ukuthi uyazithanda futhi uyakujabulela ukuchiitha isikhathi nazo. Kungenye yezibikezelo ezingcono kakhulu zempumelelo yekusasa nenjabulo.¹

Ungasekela imidlalo eminingi ezindabeni ozixoxayo noma ozifundela izingane zakho. Zama ukuthi nakhe indaba ndawonye. Izindaba zakho kufanele:

- ⚙ zibe mayelana nezihloko ingane yakho ezijabulelayo. Uma ingane yakho ithanda ibhola lezinyawo, thola noma uxoxe ngendaba emayelana neqembu lebhola noma umdlali emithandayo.
- ⚙ zibe nabalingiswa abajabulisayo abenza noma abasho izinto ezihlekisayo!
- ⚙ zibe nezindawo eziphindaphinda amagama.
- ⚙ kube lula ukuba ingane yakho izikhumbule.

Lapho usuzifundele noma uzixoxele izingane zakho indaba, yenzani imidlalo esekelwe kuleyo ndaba. Izingane zingase:

- * zizame ukudweba abalingiswa abasendabeni.
- * zisebenzise izinto ezisetshenziswa nsuku zonke ezikhona lapho zilingisa lo mdlalo, njengamabhokisi ezicathulo angenalutho ukuze zenze izindlu kanye nezinkinobho ezindala ukwenza amehlo!
- * zigqoke njengabalingiswa abasendabeni.
- * ziqambe izingoma ngale ndaba.

Stories and play go together

Children love to move their bodies, interact with the things around them, sing songs, play games, say rhymes, listen to and tell stories, draw and pretend to read and write. Spend as much time as you can playing with your children, and give them the time and space to play alone and/or with other children. This will make them feel happy and help them develop healthy self-esteem. Here are some things you can do to help your children:

- ♥ Make as much time for them as you can every day even though your free time is limited.
- ♥ Play their favourite games with them.
- ♥ Ask them questions about their day and whether there is anything that worries them.
- ♥ Children often cannot express themselves fully with words, so it's important to really listen to them.
- ♥ Tell them that you love them and enjoy spending time with them. It is one of the best predictors of future success and happiness.¹

You can base many play activities on stories that you tell or read to your children. Try making up a story together. Your stories should:

- ⚙ be about subjects that your child enjoys. If your child loves soccer, find or tell a story about their favourite soccer team or player.
- ⚙ have interesting characters that do or say funny things!
- ⚙ have some repetition of words.
- ⚙ be easy for your child to remember.

Once you have read or told a story to your children, make up play activities based on the story. Children could:

- * try to draw characters from the story.
- * use everyday things around them when they act out the story, like empty shoeboxes to make houses and old buttons to make eyes!
- * dress up as story characters.
- * make up songs about the story.



¹ Munshi J. George E. Vaillant's 'Triumphs of Experience: The Men of the Harvard Grant Study.' NHRD Network Journal. Published online October 2016:102-105. doi:10.1177/0974173920160419



Drive your imagination

Indlela yokusebenzisa indaba ethi *Masibe abangane!*

Ezansi ekhasini 4, uzothola iziyalezo zendlela yokusonga nokusika ukhiphe indaba ethi, *Masibe abangane* emakhasini 5-8, 11 no-12. Lapho usuyenzile incwadi encane, ungayisebenzisa ngezindlela ezilandelayo:

1. Cela – ungakothi uphoqe – ingane yakho ukuba ifunde kanye nawe.
2. Thola indawo ethile ethule futhi ekahle ukuba kufundwe. Cima umsakazo, iTV nomakhalekhukhwini.
3. Hlalani nisondelane noma ingane yakho ihlale ethangeni lakho.
4. Qala ngokubheka nangokukhuluma ngekhava yangaphambili yencwadi. Funda isihloko sendaba namagama omlobi nomdwebi wemifanekiso.
5. Bukani izithombe ekhasini ngalinye. Khuthaza ingane yakho ukuba ihogele, ibambe noma ithinte amakhasi.
6. Yenza indaba iphile! Sebenzisa amazwi ahlukahlukene kubalingiswa abahlukahlukeni. Enkulumweni ethi *Masibe abangane!* yenza izwi likashaka lindonde noma libe mahhadla.
7. Buza, “Yini ocabanga ukuthi izokwenzeka ngokulandelayo?” lapho ushaka ethi sawubona ezilwaneni ezihlukahlukene olwandle. Lolu hlobo lombuzo luzosiza ukushukumisela ingane yakho ukuba icabange.
8. Xoxani ngendaba ndawonye. Yini eziyenzile ezinye izilwane lapho zibona ushaka? Kungani zenze lokhu? Ingabe kulula ngaso sonke isikhathi ukuthola abangane?
9. Yisho lokho okuthandayo ngemifanekiso. Buza izingane zakho ukuthi yini zona eziyithandayo ngemifanekiso.
10. Okubaluleke nakakhulu, kujabulele ukwabelana ngencwadi, futhi njalo zama konke okusemandleni ukwenza ukufunda kujabulise!
11. Phindaphinda le nqubo kaningi kangangokunokwenzeka futhi yenza ukuba wonke umndeni uhlanganyele.



How to use the story *Let's be friends!*

At the bottom of page 4, you will find instructions on how to fold and cut out the story, *Let's be friends!*, on pages 5-8, 11 and 12.

Once you have made the little book, you can use it in the following ways:

1. Invite – never force – your child to read with you.
2. Find somewhere quiet and comfortable to read. Turn off the radio, TV and cell phone.
3. Sit close together or with your child on your lap.
4. Start by looking at and talking about the book's front cover. Read the story's title and the names of the author and illustrator.
5. Look at the pictures on each page. Encourage your child to smell, hold or touch the pages.
6. Make the story come alive! Use different voices for different characters. In *Let's be friends!* use a deep or rough voice for the shark.
7. Ask, “What do you think is going to happen next?” when the shark says hello to the different creatures in the sea. This kind of question will help to stimulate your child's imagination.
8. Talk to each other about the story. What did the other creatures do when they saw the shark? Why did they do this? Is it always easy to make friends?
9. Say what you like about the illustrations. Ask your children what they like about the illustrations.
10. Most of all, enjoy sharing the book, and always try your best to make reading fun!
11. Repeat this routine as often as possible and get the whole family to join in.

Imiqondo yemidlalo engase idlalwe kwethi *Masibe abangane!*

Kulo lonke usuku (ngisho nalapho wenza imisebenzi yasendlini!), ungenza izinto eziyabulisayo nezingane zakho:

- * Culani ingoma ngokwenza abangane noma ukuba abangane.
- * Yenzani ngathi ningoshaka ababhukuda olwandle.
- * Bheka izingane zakho bese uthi, “Sanibonani! *Masibe abangane!*” noma nini lapho kuthi yisho. Lokhu kuzozihlekisa!
- * Khuthaza izingane zakho ukuba zizame ukudweba ezinye zezilwane zasolwandle.
- * Cela izingane zakho ukuba zixoxe izindaba ngoshaka, abangane noma nganoma yini eziyabulisayo.
- * Funda ethi *Masibe abangane!* ngokuphindaphindiwe. Khuthaza izingane zakho ukuba zithi *Masibe abangane!* endaweni efanele endabeni.

Activity ideas for *Let's be friends!*

Throughout the day (even when you are doing chores!), you can do fun activities with your children:

- * Sing a song about making or being friends.
- * Pretend to be sharks swimming in the sea.
- * Look at your children and say, “Hello! Hi! *Let's be friends!*” whenever you feel like it. This will make them laugh!
- * Encourage your children to try drawing some of the sea creatures.
- * Invite your children to tell stories about sharks, friends or anything that interests them.
- * Read *Let's be friends!* again and again. Encourage your children to say *Let's be friends!* at the correct place in the story.



Drive your imagination



Nal'ibali othandekayo

Ngiyajabula kakhulu ngengxenyentsha ye-ECD emakhasini 2 no-3! Iyilokho kanye engikudingayo ukugcina indodakazi yami eneminyaka emine imatasa futhi ijabulile phakathi nosuku. Bengingazi ukuthi imilolozelo nemidlalo ibaluleke kangaka ekuthuthukiseni ulimi lwayo. Ngiyabonga, Nal'ibali, ngeseluleko senu esihle!

Ozithobayo

Xolisile Mvubu, Isipingo

Xolisile Othandekayo

Siyajabula kakhulu ukuzwa ukuthi ingxenyentsha ye-ECD ivusizo kakhulu kuwe. Ukuxoxa nokudlala nengane yakho kuyasiza ukuthuthukisa amakhono ayo olimi nokucabanga – futhi kuqinisa ukubumbana phakathi kwenu. Jabulela izingoma, imilolozelo nemidlalo nezingane zakho ezincane!

Ithimba likaNal'ibali



Nal'ibali othandekayo ... Dear Nal'ibali ...

SIBHALELE!

WRITE TO US!

The Nal'ibali Supplement
The Nal'ibali Trust
2 Dingle Avenue
Kenilworth
Cape Town
7708
Western Cape
info@nalibali.org



Nal'ibali othandekayo

Angazi ukuthi ngingayenza kanjani indodakazi yami eneminyaka eyisishiyagalolunye ukuba ifundele ukuzijabulisa. Inenkinga yokufunda esikoleni, ngakho ayifuni ukufunda ekhaya.

Cornell Williams, Goodwood

Cornell Othandekayo

Lapho kunzima ukufunda ezinganeni, azinakuthambekela ekufundeni ngesikhathi sazo esikhululekile. Zama ukuthola izindlela zokuba indodakazi yakho ijabulele izincwadi nezindaba ngaphandle kokuba kudingeke izifunde ngokwayo. Isibonelo, thola izincwadi zezithombe ezingenamagama zokuba izifunde. Yenze ukuba ilalele izindaba. (Ungathola izindaba ezilalelwayo ku-www.nalibali.org). Bukelani ndawonye imuvi esekelwe encwadini bese unikeza icebiso lokuba niyifunde ndawonye leyo ncwadi kamuva. Siyaqiniseka ukuthi kungekudala izozithanda izincwadi.

Ithimba likaNal'ibali

Dear Nal'ibali

I am so excited by the new ECD section on pages 2 and 3! It is just what I need to keep my four-year-old daughter busy and happy during the day. I did not know that rhymes and games were so important for her language development. Thank you, Nal'ibali, for your amazing advice!

Kind regards

Xolisile Mvubu, Isipingo

Dear Xolisile

We are very happy to hear that our new ECD section is so helpful to you. Talking to and playing with your child helps to develop their language skills and imagination – and strengthens the bond between you. Enjoy songs, rhymes and games with your little ones!

The Nal'ibali Team



Dear Nal'ibali

I don't know how to get my nine-year-old daughter to read for pleasure. She struggles with reading at school and so she doesn't want to read at home.

Cornell Williams, Goodwood

Dear Cornell

When reading is difficult for children, they are less likely to read in their spare time. Try to find ways for your daughter to experience the joy of books and stories without having to read on her own. For example, find wordless picture books for her. Let her listen to stories. (You can find audio stories on www.nalibali.org). Watch a movie based on a book together and then suggest reading the book together. We're sure that she'll get hooked on books in no time.

The Nal'ibali Team



Khulisa ilayibhrari yakho. Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

U-Onalenna kanye nesihlahla esikhulu somsoni

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

Masibe abangane!

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Wasonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

Onalenna and the giant yellowwood

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

Let's be friends!

1. To make this book, use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Drive your
imagination



Oh my
Ngempela!

Lots more free books at bookdash.org



Get story active!


- ★ Make a *Let's be friends!* badge in the shape of a shark.
- 1. Draw a shark on a piece of paper. Colour in your picture with pencil crayons or kokis.
- 2. Cut out the shark shape with a pair of scissors.
- 3. Use glue to paste the shark drawing onto a thin piece of cardboard, for example, a cereal box.
- 4. Cut the cardboard around the shark shape.
- 5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
- 6. Enjoy wearing your badge anywhere and any time you want to make friends!

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Yenza ibheji elithi *Masibe abangane!* elimise okukashaka.
- 1. Dweba ushaka ephepheni. Faka umbala ngamakhrayoni epensela noma ngama-koki.
- 2. Sika ukhiphe ngesikele umdwebo omi njengoshaka.
- 3. Nge-glue namathisela ushaka ekhathonini eliula, isibonelo, elebhokisi lama-cereal.
- 4. Sika ukhiphe umdwebo omi njengoshaka.
- 5. Nge-sticky tape noma nge-masking tape namathisela isipeleti ngemuva kwebheji. Noma bhoboza imbobo phezulu futhi ufake iwulu noma intambo kuyo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
- 6. Jabulela ukufaka ibheji lakho nomaphi futhi noma nini lapho ufuna ukuthola abangane!



Let's be friends!



Masibe abangane!

Emma Bosman • Murray Hunter •
Wilna Combrinck

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org




Drive your
imagination

Ideas to talk about: Is it easy to make friends? What do you think? Have you made any friends before? What can someone do to make new friends? Is it normal for some people not to want to be your friend? Why?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Kulula yini ukuthola abangane? Yini oyicabangayo? Wake wazitholela abangane phambilini? Yini umuntu angayenza ukuze azitholele abangane abasha? Ingabe kuyinto evamile ukuba abanye abantu bangafuni ukuba umngane wakho? Kungani?




LET'S BE FRIENDS!
MASIBE ABANGANE!



It's time to make
some friends!

Yisikhathi sokuthola
abangane!



Hello! Hi!
Are you a fish?
So am I!
Sawbona!
Ingabe uyinhlanzi?
Nami ngiyiso!



MASIBE ABANGANE!



LET'S BE FRIENDS!
MASIBE NGABAHLOBO!



Hello! Hi!
Do you like seashells?
So do I!
Sawubona!
Uyathanda yini!
amagobolondo asolwandle?
Nami ngiyathanda!




LET'S BE FRIENDS!



Making friends can be hard.
But let's try!
Ukuthola abangane
kungaba nzima.
Kodwa ake sizame!




Oh dear:
Sithandwa sami.



Hello! Hi!
Sawubona!





This story is an adapted version of **Onalenna and the giant yellowwood**, published by Cadbury in partnership with Nal'ibali as part of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative. Each story is available in the eleven official South African languages. To find out more about the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative titles, go to <https://cadbury.one/library.html>.

Le ndaba isuselwe ngobuciko oshicilelweni lwendaba ethi **U-Onalenna kanye nesihlahla esikhulu somsonti** eshicilelwe ngabakwaCadbury ngokubambisana nabakwaNal'ibali njengohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk#InOurOwnWords. Indaba ngayinye iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords yiya ku-<https://cadbury.one/library.html>.

Get story active!

- ★ Sing the lullaby in the story, or sing a lullaby you know.
- ★ Be a word detective! Find words in the story that tell you the following:
 - ☆ The yellowwood trees were very big.
 - ☆ The little creatures in the forest made Onalenna very happy.
- ★ Onalenna missed her mother very much. Imagine that you are Onalenna. Write a letter to Onalenna's mother about living in the Knysna forest.
- ★ Look in old magazines for pictures of the animals of the Knysna forest, or draw your own pictures. Cut out the animals. Draw a forest on a big sheet of paper. Paste your animal cut-outs on the picture of the forest.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Cula umlolozele osendabeni, noma cula ingoma yokulolozela oyaziyo.
- ★ Yiba umseshi wamagama! Thola amagama endabeni akutshela okulandelayo:
 - ☆ Izihlahla zomsonti bezizinkulu kakhulu.
 - ☆ Izilwane ezincane ehlathini zenza u-Onalenna wajabula kakhulu.
- ★ U-Onalenna wayemkhumbula kakhulu umama wakhe. Zicabange kunguwe u-Onalenna. Bhalela umama wakhe incwadi ngokuhlala ehlathini lase-Knysna.
- ★ Bheka izithombe zezilwane zasehlathini lase-Knysna komagazini abadala, noma udwebe izithombe zakho. Sika izilwane. Dweba ihlathi eshadini elikhulu lephepha. Namathisela izilwane ozisikile esithombeni sehlathi.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanga nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org

Drive your imagination

Onalenna and the giant yellowwood




U-Onalenna kanye nesihlahla esikhulu somsonti


Rujeko Moyo • Neil Badenhorst

Ideas to talk about: Onalenna's mother died when she was very young. Have you lost someone you love? What is your special memory of that person?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Umama ka-Onalenna washona ngesikhathi esemncane. Uke washonelwa umuntu omthandayo? Yini enhle oyikhumbulayo ngalowo muntu?



U-Onalenna wayeyedwa kwabo, ethandwa
kakhulu futhi eyigugu kubaba nomama wakhe.
Wayethanda umlozelo ayewuculelwa umama
wakhe njalo uma emshushuzelela ukuthi alale:
*Thula thu-,
Thula sana, thula mntwana,
Thul' umam' uzobuya ekuseni.*
Kodwa ngelinye ilanga umama ka-Onalenna
wagula, kwathi ngesikhathi u-Onalenna
eseyintombazanyana, unina washona. U-Onalenna
wayeka ukucula.
Ubaba ka-Onalenna wangquma ukuthuthela eduze
nalapho okwakukhulele khona umama wakhe.



Onalenna was an only child, dearly loved and
treasured by her father and mother.
She especially loved the lullaby her mother sang
to her every time she rocked her to sleep:
*Thula thu-, (Quiet, shhh)
Thula sana, thula mntwana, (Quiet child, hush my baby)
Thul' umam' uzobuya ekuseni.
(Quiet, mother will come in the morning)
Thula thu-,
Thula mntwana, thula sana,
Thul' umam' uzobuya ekuseni.*

But one day Onalenna's mother became sick,
and when Onalenna was just a little girl, her
mother passed away. Onalenna stopped singing.
Onalenna's father decided to move them closer
to where her mother was raised.



She awoke enveloped in the
aura of her mother's embrace and
returned home with a smiling heart.
Onalenna began visiting the tree
every day.
But she began to ask her father:
"How was your day, Papa?" And
she would tell him all about her day.
One day, a beautiful, melodious
sound greeted Onalenna's father as
he approached home.
It was Onalenna singing.



Wavuka esingethwe umuzwa
wokugonwa umama wakhe wase ebuyela
ekhaya ethokozile enhliziyweni.
U-Onalenna waqala ukuvakashela
isihlahla zonke izinsuku.
Kodwa waqala ukubuza uyise ukuthi:
"Belunjani usuku lwakho, Baba?"
Wayevele amtshele ngosuku lwakhe.
Ngelinye ilanga, umsindo omuhle, ocula
kamnandi wabingelela ubaba ka-Onalenna
ngesikhathi eza ekhaya.
U-Onalenna lo owayecula.





Oh my
joh!



Do you like to
swim? So do I!

Uyakuthanda yini ukubhukuda?
Nami ngiyakuthanda!





LET'S BE FRIENDS!
MASIBE ABANGANE!



NOBODY wants to be my
friend.
AKEKHO ofuna ukuba
umngane wami!

Knock,
knock.
Qoqoqo.

Ngingumfundi!



I am a reader!

Contact us in any of these ways:
Sithinte noma ngayiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[f nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Nalibali



Amasongo obungane



NguZahida Wahab Imifanekiso nguChantelle noBürgen Thorne

UPalesa noGracie babengabangane kusukela beseneminyaka emithathu ubudala. Babengomakhelwane, futhi omama babo nabo babengabangane. Babeshiyana ngenyanga eyodwa ubudala futhi bakhuliswa njengamantombazane andawonye. Konke babekwenza ndawonye. Babefunda esikoleni esisodwa futhi njalo babezithola befunda ekilasini elilodwa!



Kwathi ngolunye usuku, lapho amantombazane esethe ukukhulakhula, kwenzeka okuthile okwabenza badumala kakhulu. UGracie wafika kubokaPalesa ehlengezela izinyembezi.

"Kwenze njani?" Kubuza uPalesa, ekhathazeke kakhulu ngomngane wakhe.

"Ubaba uthole umsebenzi kwelinye idolobha, futhi umndeni wakithi kudingeka uthuthe," kusho uGracie ehlengezela izinyembezi.

La mantombazane amabili akhala zoma izinyembezi.

"Mama, ngicela uGracie ahlale nathi, kungalunga?" UPalesa wanxusa unina.

"Mama, ngicela uPalesa ahambe nathi, kulungile?" UGracie wanxusa unina. Kodwa, ngeshwa, lokhu kwakungenakwenzeka ngoba ngamunye kumantombazane kwakumele ahlale nabazali bakhe.

Ngosuku olungaphambi kokuba umndeni wakwaGracie uthuthe, uPalesa wacabanga ngesipho esikhethekile ayengasinika umngane wakhe. Kwakuyisongo lenhlanhla ayelinikwe ugogo wakhe eminyakeni eminingi edlule. Owesifazane owayethengisele ugogo wakhe leli songo wayethe wayewenze aba mabili kuphela anje. Elinye isongo lalinensinjana yenhlanhla yelanga, kanti elinye lalinensinjana yenhlanhla yenyanga.

Ugogo kaPalesa wayemkhethele elelanga uPalesa.

"Ungukukhanya kwezimpilo zethu," washo kanjalo lapho enika uPalesa lelo songo. Lapho ugogo kaPalesa eshona,

uPalesa njalo wayeluzwa uthando lukagogo wakhe lapho efake lelo songo. Lalikhetheke kakhulu kuye.

"Ngifuna ukupha uGracie leli songo," uPalesa ehleba ekhuluma yedwa. "Lizomkhumbuza ukuthi siyohlale singabangane abakhulu."

UGracie wathuthela esikoleni sakhe esisha, kodwa wayemkhumbula kakhulu umngane wakhe. La mantombazane ayebhalelana njalo lapho ethola ithuba.

Ngolunye usuku, uPalesa wathola iphasela eposini. Lalivela kuGracie. "Ngiyazibuza ukuthi linani phakathi," kusho uPalesa njengoba unina emnika lona.

"Livule!" uMama emamatheka.

UPalesa wamangala lapho ethola isongo elifana ncamashi nalelo ayelinike uGracie lisephaseleni. "Kungani uGracie elibuyisile isongo lami?" kubuza uPalesa, ekhathazeke futhi edumele.

Kodwa lapho uPalesa elibukisisa ngokucophelela leli songo, wabona ukuthi leli lalinensinjana yenhlanhla yenyanga. "Leli yileli elinye isongo uGogo angitshela ngalo!" kusho uPalesa emamatheka kakhulu. Wabe esethola nepheshana elibhaliwe elivela kuGracie. UGracie wabhala: *Ngithole leli songo ekhaya lethu elisha. Ngizamile ukulibuyisela kumninilo, kodwa wathi ngingalithatha liyisipho. Ngilithumela kuwe ukukukhumbuza ukuthi siyohlale singabangane abakhulu.*

"Yeka umlingo wokuqondana kwezinto," kusho uPalesa, njengoba eligqoka isongo.



UPalesa wayazi ukuthi kwakuwuphawu lokuthi laba bangane ababili babeyohlale bengabangane, kungakhathaliseki ukuthi bahlala beqhelelene kangakanani omunye komunye. Babenjengelanga nenyanga, ngakunye kunikeza ukukhanya ngendlela yakho ehlukele.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Ingabe unaye umngane omkhulu? Yini oyithandayo ngomngane wakho omkhulu?
- ★ Dweba isithombe sakho nomngane wakho omkhulu nenza into eniyithanda kakhulu.

- ★ Ungabhala futhi uhlobise incwadi echaza indlela omazisa ngayo umngane wakho omkhulu. Ungaqala incwadi yakho ngokuthi, "Jabu Othandekayo, ngiyabonga ngokuba ngumngane wami. Ngiyakwazisa ngoba ..."



Drive your
imagination



The friendship bracelets

By Zahida Wahab ■ Illustrations by Chantelle and Burgen Thorne



Palesa and Gracie had been best friends since they were three years old. They lived next door to each other, and their mothers were friends too. They were born a month apart and were raised like sisters. They did everything together. They went to the same school and always ended up in the same class!



Then one day, when the girls were a bit older, something happened that made them very sad. Gracie arrived at Palesa's house in tears.

"What's wrong?" Palesa asked, very worried about her friend.

"My dad got a job in another city, and my family has to move," Gracie said through her tears.

The two girls cried their hearts out. "Mama, can Gracie please stay with us?" Palesa begged her mom.

"Mama, can Palesa please go with us?" Gracie begged her mom. But, sadly, this was not possible because the girls each had to stay with their own family.

The day before Gracie's family left, Palesa thought of a special gift for her friend. It was the charm bracelet her grandmother had given her years ago. The woman who had sold the bracelet to her grandmother had said that she had made only two of this kind. One bracelet had a sun charm, and the other one had a moon charm.

Palesa's grandmother had chosen the sun for Palesa. "You are the light of our lives," she had said when she gave Palesa the bracelet. When Palesa's grandmother passed away, Palesa always felt her grandmother's love when she wore the bracelet. It was very special to her.

"I want Gracie to have this bracelet," Palesa whispered to herself. "It will remind her that we will always be best friends."

Gracie moved to her new school, but she missed her friend very much. The two girls wrote to each other every chance they got.

One day, Palesa received a package in the mail. It was from Gracie. "I wonder what's inside," Palesa said as her mom handed it to her.

"Open it!" Mama smiled.

To Palesa's surprise, she found a bracelet just like the one she had given Gracie inside the package. "Why did Gracie send my bracelet back?" Palesa asked, feeling worried and a bit sad.

But when Palesa looked at the bracelet more carefully, she saw that this one had a moon charm. "This is the other bracelet Granny told me about!" Palesa said with a big smile. Then she also found a note from Gracie. Gracie wrote: *I found this bracelet in our new home. I tried to return it to the owner, but she said I could have it as a gift. I am sending it to you to remind you that we will always be best friends.*

"What a magical coincidence," Palesa said, as she put on the bracelet.



Palesa knew it was a sign that the two friends would always stay friends, no matter how far away they lived from each other. They were like the sun and moon, each giving light in its own unique way.

Get story active!

- ★ Do you have a best friend? What do you like about your best friend?
- ★ Draw a picture of you and your best friend doing your favourite activity.

- ★ Write and decorate a letter saying how much you appreciate your best friend. You can start your letter by saying, "Dear Jabu, thank you for being my friend. I appreciate you because ..."

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

UBella nonina kudingeka baye kuHope no-Afrika. Ungabasiza?

Bella and her mom need to get to Hope and Afrika. Can you help them?



2.



UMbali ungudadewabo kaNeo, futhi uneminyaka emibili ubudala. Uyazithanda izincwadi ezinemilolozelo, kodwa futhi uyakuthanda nokwenza sengathi ufunda izincwadi zikaNeo. Uvame ukufundela u-teddy wakhe kanye nenja kaBella, uNoodle. Ucabanga ukuthi sithini isihloko sencwadi efundwa nguMbali kulesi sithombe? Bhala lokho ocabanga ukuthi uyakusho kule ndingiliza yenkulumo, bese udweba isithombe noma ubhale okuthile endingilizeni yomcabango ukubonisa ukuthi yini u-teddy wakhe ayicabangayo.

Mbali is Neo's sister, and she is two years old. She loves books with rhymes in them, but she also enjoys pretending to read Neo's books. She often reads to her teddy bear and to Bella's dog, Noodle. What do you think the title of the book is that Mbali is reading in the picture? Write what you think she's saying in the speech bubble, and then draw a picture or write something in the thought bubble to show what her teddy bear is thinking.

3.

Ungawubona yini umehluko owu-8 phakathi kwalezi zithombe ezimbili?

Can you spot 8 differences between these two pictures?



UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela: Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

www.nalibali.org

[f nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekela Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your imagination

